basic education

Department:
Basic Education
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

NATIONAL SENIOR CERTIFICATE

IBANGA LE-12

ISIZULU ULIMI LWASEKHAYA (HL)

IPHEPHA LESIBILI (P2)

FEBRUWARI/MASHI 2011

AMAMAKI: 80

ISIKHATHI: amahora ama-2½

Leli phepha linamakhasi angama-19.

IMIYALELO KWABAHLOLWAYO

Fundisisa kahle imiyalelo ngaphambi kokuba uphendule imibuzo.

1. Fundisisa yonke imibuzo. Funda uhlu lokuqukethwe bese ukhetha imibhalo oyifundile.

2. Leli phepha lineziqephu ezintathu:

ISIQEPHU A:	Izinkondlo	(30)
ISIQEPHU B:	Amanoveli	(25)
ISIQEPHU C:	Imidlalo	(25)

3. Phendula imibuzo EMIHLANU. Funda uhlu lokuqukethwe ekhasini LESITHATHU ukuze ubone ukuthi imibuzo iphendulwa kanjani.

4. Izimpendulo zemibuzo emide maziphendulwe ngamagama angama-340–390.

5. Izimpendulo zemibuzo emifushane, amamaki anikeziwe emibuzweni ayakwelekelela ukuthi kumele uphendule kangakanani.

6. Qaphela ukuthi izinombolo ozisebenzise ezimpendulweni zakho ziyahambisana nalezo ezisetshenziswe abahlolayo emibuzweni.

7. Uyelulekwa ukuba ubhale ngobunono nangesandla esibonakalayo.

8. Qalisa isiqephu ngasinye ekhasini elisha.

9. Indlela yokusebenzisa isikhathi:

ISIQEPHU A:	Imizuzu engama-40
ISIQEPHU B:	Imizuzu engama-55
ISIQEPHU C:	Imizuzu engama-55

OKUQUKETHWE

Phendula imibuzo **EMIHLANU** enamamaki angama-80 isiyonke njengoba kukhonjisiwe ngezansi.

ISIQEPHU A: IZINKONDLO

Phendula **noma ngabe** yiziphi izinkondlo **EZIMBILI** KUMBUZO 1, UMBUZO 2, UMBUZO 3 NAKUMBUZO 4.

Uphoqelekile ukuphendula inkondlo **ENGAMISELWE**. Phendula UMBUZO 5 **NOMA** UMBUZO 6.

UMBUZO 1	Umbuzo omude **(Ithemba Lami)**	Amamaki ayi-10
	NOMA	
UMBUZO 2	Umbuzo omude **(Inhlese Yobumbongi)**	Amamaki ayi-10
	NOMA	
UMBUZO 3	Umbuzo omfushane **(Imvunge yeminyezane)**	Amamaki ayi-10
	NOMA	
UMBUZO 4	Umbuzo omfushane **(Imbali)**	Amamaki ayi-10

KANYE

Nenkondlo engamiselwe: Phendula noma imuphi umbuzo **OWODWA**.

UMBUZO 5	Umbuzo omude **(Ungumzali onjani?)**	Amamaki ayi-10
UMBUZO 6	Umbuzo omfushane **(Ungumzali onjani?)**	Amamaki ayi-10

ISIQEPHU B: AMANOVELI

Phendula umbuzo **OWODWA.**

UMBUZO 7: Inoveli 1 ***(Bengithi Lizokuna)***	Umbuzo omude **NOMA**	Amamaki angama-25
UMBUZO 8: Inoveli 1 ***(Bengithi Lizokuna)***	Umbuzo omfushane	Amamaki angama-25
	NOMA	
UMBUZO 9: Inoveli 2 ***(Usumenyezelwe-ke Umcebo)***	Umbuzo omude **NOMA**	Amamaki angama-25
UMBUZO 10: Inoveli 2 ***(Usumenyezelwe-ke Umcebo)***	Umbuzo omfushane	Amamaki angama-25
	NOMA	
UMBUZO 11: Inoveli 3 ***(Kunjalo-ke)***	Umbuzo omude **NOMA**	Amamaki angama-25
UMBUZO 12: Inoveli 3 ***(Kunjalo-ke)***	Umbuzo omfushane	Amamaki angama-25

ISIQEPHU C: IMIDLALO

Phendula umbuzo **OWODWA**.

UMBUZO 13: Umdlalo 1 ***(Kudela Owaziyo)***	Umbuzo omude **NOMA**	Amamaki angama-25
UMBUZO 14: Umdlalo 1 ***(Kudela Owaziyo)***	Umbuzo omfushane	Amamaki angama-25
NOMA		
UMBUZO 15: Umdlalo 2 ***(Awuwelwa Umngeni)***	Umbuzo omude **NOMA**	Amamaki angama-25
UMBUZO 16: Umdlalo 2 ***(Awuwelwa Umngeni)***	Umbuzo omfushane	Amamaki angama-25

QAPHELA: Kumele uphendule umbuzo OWODWA omude kanye nombuzo OWODWA omfushane kusiqephu B nakusiqephu C. Uma ukhetha ukuphendula umbuzo omfushane kusiqephu B, kusho ukuthi kumele uphendule umbuzo omude kusiqephu C, kanjalo futhi uma ukhetha umbuzo omude kusiqephu B, kusho ukuthi kumele uphendule umbuzo omfushane kusiqephu C.

IZIMPENDULO ZAKHO MAZIME NGALOLU HLOBO

UMBUZO 1 – 4: Khetha noma iziphi izinkondlo **EZIMBILI**.
UMBUZO 5 – 6: Khetha **OWODWA** umbuzo.
UMBUZO 7 – 12: Khetha **OWODWA** (omude noma omfushane) kuleyo noveli eniyifundile.
UMBUZO 13 – 16: Khetha **OWODWA** (omude noma omfushane) kulowo mdlalo eniwufundile.

Uhla oluyinkomba lokuphendulwa kwemibuzo.

Abahlolwayo emva kokuphendula imibuzo yaleli phepha mabasebenzise leli thebula elilandelayo ukuze babe nesiqiniseko sokuthi bayikhethe ngokufanele imibuzo okulindeleke bayiphendule.

ISIQEPHU	INOMBOLO YEMIBUZO	INANI LEMIBUZO EPHENDULIWE	THIKA
A: Izinkondlo (Ezimiselwe)	1 – 4	2	
A: Izinkondlo (Engamiselwe)	5 – 6	1	
B: Inoveli (Omude NOMA Omfishane)	7 – 12	1	
C: Umdlalo (Omude NOMA Omfishane)	13 – 16	1	

QAPHELA: Qaphela ukuthi esiqeshini B no C uphendule umbuzo OWODWA OMUDE kanye nombuzo OWODWA OMFISHANE.

ISIQEPHU A: IZINKONDLO

Izinkondlo ezimiselwe:

Phendula noma yimiphi imibuzo EMIBILI kulena EMINE ebuziwe elandelayo.

UMBUZO 1: ITHEMBA LAMI – FY NCUBE (UMBUZO OMUDE)

Fundisisa le nkondlo bese uphendula umbuzo olandelayo.

Ithemba lami – FY Ncube

1 Ngisalizwa lelo phimbo lakhe
2 Ebelish' inhliziyo iqaqambe yiminjunju.
3 Ngisawabona lawo mehlwana akhe
4 Abengibheka qede ngibubule yiminjunju:
5 Lawo mehl' abengithi laphalazi
6 Ngizizwe nginesono ngokwentul' ikhambi.

7 Izinhlung' abekuzo bezingifikisela ngezinyembezi
8 Ngingazi ngizothini kuye
9 Ngingaz' izinhlungu zihlasele ngaphi
10 Ngibona ngemvula yezinyembezi nje kuphela.

11 Namuhla enhliziyweni nginenkamba beyibuza
12 Engingaz' iyopholiswa yini, nini, kanjani
13 Ngokuhlwithwa kabuhlungu othandiweyo wami
14 Ngokuphucwa kanzim' igugu lami
15 Ebelihlala lisemehlwen' ami njalo.

16 Bengicabanga ngengomuso lakh' elihle
17 Bengifis' okuhle kodwa ngawe Ntokozo
18 Ukwethaba kwami ngawe kuphelile
19 Amaphuph' ami ngaw' ashabalele
20 Ashabalal' okwamazol' ebon' ilanga;
21 Ashabalala, nakho konke kwanyamalala.

Chaza ukuthi izakhiwo zemigqa nezitanza ziwulolonga kanjani umqondo wale nkondlo. Impendulo yakho mayibe ubude obuphakathi kwamagama ayi-190 kuya kwangama-240.

Impendulo mayibhekiswe kula maphuzu alandelayo:

- Makukhonjiswe umqondo wenkondlo.
- Ukuhleleka kwemigqa nezitanza kuwulolonga kanjani umqondo. **[10]**

NOMA

UMBUZO 2: INHLESE YOBUMBONGI – LF MATHENJWA (UMBUZO OMUDE)

Fundisisa le nkondlo bese uphendula umbuzo olandelayo.

Inhlese yobumbongi – LF Mathenjwa

Ngizw' ugqozi luqubuka okwenhlese,
Ingweb' iphuhl' iyom' okhakhayini,
Ngiphithane ngishay' zaququ,
Ngiqhaqhazel' okomhlanga,
Ngiyibon' iphuphum' imbiza yamathongo.

Angihabulanga fumuka,
Ngihabul' isitshodo uqobo,
Ngingehabulankezo.
Ingwebu yabo ibikel' ingqondo,
Ngayizw' ikladuluka ibhembuluka,
Yash' ukuhay' inkondl' endala,
Inkondl' endala kaZulu wayizolo,
Inkondlo yezolo, inamuhla nekusasa.

Ngiluzwil' umpongo lwezincithabuchopho zikaZulu,
Zihhoyiza ziviyoz' amakhwela,
Aye abhoboz' indlebe ayokwakhel' engqondweni,
Ingqond' ebisidiyazela,
Yile ntundabebhekene yobumbongi.

Yiyo leyo nhlese yoMagolwana Jiyane,
Yiyo leyo nhlese yoHhoye kaSoxhalase,
Yiyo eyoQayingana kaLutholude,
Yiyo kanye eyoMahlangeni kaKhumalo,
Yiyo eyoSehla kaNdengezi,
Yiyo kanye eyoShingana kaMpande,
Yiyo kanye eyoBhambatha kaMakhwatha,
Yiyo kanye eyoNtulizempi kaDlamini.

Ngihabule kuyo ngaqikileka okwendiki
Ngashay' umphendu okwezinsizwa zisina,
Ngabhek' emuva kwaMthaniya,
Ngalibon' elingafelwa nkonyane,
Ngiyabuz' indlel' ezimbongini zayizolo,
Zantongela kwakanye zathimula zajwilingana,
Zahay' inkondlo yakithi kwaZulu.

Zakhomba kwakanye ngemibhumbuluzo,
Zangihlwihlwizisa entshenguleni yobumbongi
Zangikhomba umancishana woNkotheni,
Zangikhomba udengezi oluminweminwe,
Zathi ncinda 'ze uhaye inkondlo kaZulu,
Uhaye inkondlo kaZulu wakuthangi,
Uhaye inkondlo kaZulu wayizolo,
Uhaye inkondlo kaZulu wakusasa,
Uhaye inkondlo kaZulu waninininini.

43	Yile nhlese ezovubel' ubunkondlo kuwe,
44	Yile nhlese ezovusa ugqozi,
45	Yile nhlese ezoqinis' intola emadolweni,
46	Uzizw' umpongoloza ngompongo,
47	Uzizw' ujwilingan' okwamadlambi
48	Uhay' inkondlo kaZulu,
49	Uklabalasa ngobumbongi bakwenu,
50	Ngob' uhabule inhlese yobumbongi.

Chaza ukuthi imifanekiso mqondo iyithinta kanjani indikimba yale nkondlo. Impendulo yakho mayibe ubude obuphakathi kwamagama ayi-190 kuya kwangama-240.

Impendulo yakho mayibhekiswe kula maphuzu alandelayo:

- Makukhonjiswe indikimba yale nkondlo.
- Makukhonjiswe imifanekiso mqondo ehlukahlukene njengoba ikhonjiswe kule nkondlo nokuthi iyithinta kanjani indikimba yale nkondlo. **[10]**

NOMA

UMBUZO 3: IMVUNGE YEMINYEZANE – JJ THWALA (UMBUZO OMFUSHANE)

Fundisisa le nkondlo bese uphendula imibuzo elandelayo.

Imvunge yeminyezane – JJ Thwala

1	Ngizw' imvunge yeminyezane,
2	Izwakal' ezinkwazini zoMhlathuze,
3	Iqongel' ezintabeni zoNgoye,
4	Ingikhumbuz' amaqhawe namaqhawekazi
5	Adl' umhlanganiso kwaNgqondebanzi,
6	Evath' iminyezane yobuhlakani
7	Ahlahl' indlela yakwaLwazi
8	Ehanjwa ngokuzinikela zikhuthali.
9	Ngizw' imvunge yeminyezane,
10	Izwakal' osebeni loMngeni,
11	Naphakath' ezizibeni zoMngeni
12	Okubhukud' amaqhawe namaqhawekazi,
13	Evunul' izidlodlo zenhlonipho,
14	Avunul' ezegwalagwala zekhethelo,
15	Kwahlokom' umhlaba ngenhlokomo,
16	Kwenanel' imvelo ngemvunge.
17	Ngizw' imvunge yeminyezane,
18	Ngavul' izindlebe zakhongozela
19	Unqambothi lobuzwilili baphakade,
20	Ngaqanul' amaqaphelo ngasinga
21	Izimangaliso zemikhiqizo yakwaNgqondebanzi:
22	Zihlinzek' ubuntu nobunye,
23	Zahlinzek' ubuqotho nesineke,
24	Zahlinzek' inhlonipho nenkuthalo.

25	Ngizw' imvunge yeminyezane,
26	Ingikhumbuz' ukuchwaza kwamahlokohloko,
27	Ingikhumbuz' ubungqungqulu bezingqungqulu,
28	Ingikhumbuz' ubuntengu bezintengu.

3.1 Nikeza amagama amabili akule nkondlo afakazela ukuthi imbongi ikhuluma ngesikhungo semfundo ephakeme. (2)

3.2 Nikeza indikimba yale nkondlo bese usekela impendulo yakho. (2)

3.3 Chaza ngokukhethwa kwala magama alandelayo asenkondlweni ukuthi awuthinta kanjani umoya wenkondlo. Umhlanganiso, Iminyezane. (2)

3.4 Yimuphi umqondo oqukethwe yilo mugqa olandelayo ngokwale nkondlo?

'Ingikhumbuz' amaqhawe namaqhawekazi' (2)

3.5 Ukusetshenziswa komfanekiso mqondo wokuzwakalayo emgqeni we-15 'Kwahlokom' umhlaba ngenhlokomo' kunamthelela muni kumqondo walwe nkondlo. (2)
[10]

NOMA

UMBUZO 4: IMBALI – N MAKHAMBENI (UMBUZO OMFUSHANE)

Fundisisa le nkondlo bese uphendula imibuzo elandelayo.

Imbali – N Makhambeni

1	Mbalenhle edons' amehlo afifiyele,
2	Ukhang' ubhakuzele amakhala
3	Ngephunga lakho lezindebe zakho.
4	Uyetha ngejubane nje ulibangisaphi?
5	Ilanga lokusa lisagudl' impumalanga
6	Hlala bo, hlala! lind' izinyosi
7	'Ze zikusabalalise zikh' uju lwempilo.
8	Linda ukuhlwa nezinhlwabusi ngempilo yezilwane.
9	Mbalenhle onqambothi
10	Ludid' ingqondo nemizwa
11	Yesidalwa sakobantu
12	Lapho ukukhanya kwelanga kuxosha
13	Ubumnyama, laph' inyanga igcagce
14	Nezinkanyezi zakwasibhakabhaka.
15	Kungqabashiy' insizwa yakwalanga
16	Ikukhange, uyiqome ngokuvula
17	Izindebe luphafuke lolo nqambothi.

18	Lishone uxox' indaba yakwamhlaba,
19	Singabahambayo sonke kulo mhlaba.
20	Sifushane isikhathi sokungqabashiya,
21	Simunye nentwasahlobo efik' idlule.
22	Sifana nembewu ebola 'ze kuvumbuke
23	Impilo yezizukulwane zakwamhlaba.,
24	Sifana nempova yakho mbalenhle,
25	Obhul' izimpiko zakho yagcwal' umhlaba.
26	Sith' ifile, kanti ibhenguza impilo ezintabeni.

4.1 Nikeza izinto ezimbili ezibalwa yimbongi kule nkondlo ezifanisa nokushesha kokudlula kwempilo yomuntu. (2)

4.2 Kungani imbongi ifanisa impilo yomuntu nembali? (2)

4.3 Chaza umqondo oqukethwe umugqa woku-1 kuya kowesi-3 esitanzeni sokuqala. (2)

4.4 Ngabe isenzasamuntu esidwetshelwe kulo mugqa olandelayo:

'Kungqabashiy' <u>insizwa</u> yakwalanga' sihambisana kanjani nale nkondlo? (2)

4.5 Ngabe izimpawu zokuloba esitanzeni sokuqala emgqeni wesi-6 'Hlala bo, hlala! lind'izinyosi' zisilolonga kanjani isigqi kanye nomqondo wale nkondlo? (2)
[10]

KANYE

INKONDLO ENGAMISELWE (UPHOQELEKILE UKUPHENDULA LO MBUZO)

Phendula umbuzo owodwa kule elandelayo. UMBUZO 5 (omude) NOMA UMBUZO 6 (omfushane).

UMBUZO 5: UNGUMZALI ONJANI? – DA HLOPHE (UMBUZO OMUDE)

Fundisisa le nkondlo bese uphendula umbuzo olandelayo.

Ungumzali Onjani? – DA Hlophe

Ungumzali onjani?
Odel' igazi lakhe
Lichithek' ezindabeni.
Sithi sihlezi sithokozile
Kodwa abesibophel' amanqina enyathi.

Ungumzali onjani?
Onhliziyo yakhe iyitshe
Ongafuni ukusinika
Iwisa nesihlangu
Silwe sivike kudel' umakhasana
Kukhale ingwazi kukikizwe!

Ungumzali onjani?
Ongasingath' amachwane akhe,
Awafak' endleleni eyiyo,
Kuthi lapho kufik' izivunguvungu
Ziwathole ekhuselekile.

Ungumzali onjani?
Ohlal' anethezeke
Ashay' esingeqiwa ntwala
Kodwa ekhaya kudlang' usizi
Izingane zibona ngokusa.

Ungumzali onjani?
Onikwa isikhali sempilo
Ahlabane ngaso imizuzwana
Asitshinge phezulu
Kuqhamuk' iminjunju imtshikitshele.

Chaza ukuthi isigqi siwulolonga kanjani umqondo wale nkondlo. Impendulo yakho mayibe ubude obuphakathi kwamagama ayi-190 kuya kwangama-240.

Impendulo mayibhekiswe kula maphuzu alandelayo:

- Makukhonjiswe umqondo wenkondlo.
- Makukhonjiswe isigqi senkondlo ezitanzeni ezahlukene nokuthi siwulolonga kanjani umqondo wenkondlo. **[10]**

NOMA

UMBUZO 6: UNGUMZALI ONJANI? – DA HLOPHE (UMBUZO OMFUSHANE)

Phinda ufunde inkondlo eku-5 ngenhla, **Ungumzali onjani?**, bese uphendula imibuzo elandelayo.

6.1 Nikeza igama elinencazelo eqondile yaleli elithi 'izivunguvungu' emgqeni wesi-15. (1)

6.2 Ukwenzenjani 'ukuhlala unethezeke' njengoba kuvele emgqeni we-18. (1)

6.3 Chaza ukuthi lesi sisho esithi 'Odel' igazi lakhe' emgqeni wesibili siwuthinta kanjani umoya wale nkondlo? (2)

6.4 Imbongi iqondeni ngale migqa: 'Ongafuni ukusinika
Iwisa nesihlangu'? (2)

6.5 Ngabe kufanele yini ukuthi ingane ibe nemibuzo enjena ngomzali wayo? Sekela impendulo yakho ubhekise kokushiwo yinkondlo. (2)

6.6 Impindwa ewumbuzo mbumbulu imbongi eqalisa ngayo kuzo zonke izitanza zale nkondlo ihambisana kanjani nomqondo wenkondlo? (2)
[10]

AMAMAKI ESIQEPHU A: 30

ISIQEPHU B: AMANOVELI

Phendula umbuzo **OWODWA** ngencwadi oyifundile.

UMBUZO 7: *BENGITHI LIZOKUNA* – NG SIBIYA (UMBUZO OMUDE)

Omunye umyalezo okule noveli, *Bengithi Lizokuna* uthi: Kumele uqaphele ukuthi isinqumo osithathayo ngempilo yakho singahlukumezi abanye abantu. Humusha lo myalezo uwubhekise ezingxenyeni ezithile kule noveli. Impendulo yakho mayibe ubude obuphakathi kwamagama angama-340 kuya kwangama-390. **[25]**

NOMA

UMBUZO 8: *BENGITHI LIZOKUNA* – NG SIBIYA (UMBUZO OMFUSHANE)

Fundisisa lesi siqeshana senoveli bese uphendula imibuzo elandelayo.

"Kwenzenjani ndodakazi?" kubabaza uNgidi ephuthuma uMahlengi. Bamngunge bobathathu manje, bamphephethe, benze izaba ezenziwayo uma umuntu ethukile. Ngemva kwesikhashana aqwebuke amehlo, kusale zona izinyembezi nokuqhaqhazela komzimba okubangwa yilolu valo olucishe lwambulala.
"Uphi uMhlengi mntanami? Nguyena ebesize kuyena lapha."
"Baba ..." esho ngelihhedlezelayo.
"Yebo ndodakazi," kundonda uNgidi eyibuka eyidabukela le ngane yabantu, eseshaywa nawuvalo kakhulu uma ecabanga ukuthi iyimbangi kaNontobeko.
"Baba, yimina uMhlengi," esho ebihlika futhi.
Bankeme endlini.
"Mhlengi, hawu Mhlengi, yini lena ongenza yona?" kuhayiza uNontobeko.
"Wo, ithemba kalibulali, bengithi ..." Wo, ahluleke ukuqhubeka bandla uNgidi, zigobhoze izinyembezi. Adideke manje uNomalanga ukuthi uzoduduza bani ayeke bani.
"Ngiyaxolisa kakhulu kinina nonke. Yiyona mpilo esengiyiphila lena.
Wayesababuka kanjalo ngenkathi kungqongqozwa kanye emnyango, kuvuleka isicabha, kungena uXolani ehefuzela,amehlo egcwele izinyembezi. Wangena esalokhu ehayizile uNontobeko, ebalisa.
"Yeka ukukuthanda kwami Mhlengi."
"Ngiyaxolisa Nontobeko."
"Yisona sizathu owangalela sona lesi?"
"Yebo," evuma ngamahloni.
"Wawungangitsheli ngani pho?"
"Kwakulukhuni. Kwakungelula neze," ephendula ngezinyembezi.

8.1 Nikeza amagama abantu abathathu abangunge uMahlengi. (3)

8.2 Chaza lesi simo sokukhuluma uphinde ukhombise ukuthi sihambelana kanjani nalesi siqeshana.

'Ithemba kalibulali' (3)

8.3 Yini eyabangela uNgidi adabukele intombazane eyayisefulethini likaMahlengi/ Mhlengi? (2)

8.4 Chaza kafushane isizathu esabangela ukufa kwezingane zikaXolani. (4)

8.5 Kungani umbhali ethi uMahlengi usabela kuyise ngezwi elihhedlezelayo? (2)

8.6 Yini eyayenza uNontobeko elokhu ebalise njalo? (2)

8.7 Yiyiphi le mpilo athi uMahlengi useyayiphila? (1)

8.8 Ucabanga ukuthi kwakufanele yini ukuthi uMahlengi/uMhlengi axolise kuNontobeko? Sekela impendulo yakho. (2)

8.9 Yini eyenza uNdumiso azidele ayontshontsha imali kaNgidi? (3)

8.10 Ngokwazi kwakho ubudlelwano phakathi kukaNgidi noMhlengi, ucabanga ukuthi uNgidi uqondeni ngala mazwi ' bengithi ...?' Sekela impendulo yakho. (3)
[25]

NOMA

UMBUZO 9: *USUMENYEZELWE-KE UMCEBO* – MJ MNGADI (UMBUZO OMUDE)

Humusha umyalezo wale noveli ethi *Usumenyezelwe-ke Umcebo*, uwubhekise ezingxenyeni ezithile kule noveli. Impendulo yakho mayibe ubude obuphakathi kwamagama angama-340 kuya kwangama-390. **[25]**

NOMA

UMBUZO 10: *USUMENYEZELWE-KE UMCEBO* – MJ MNGADI (UMBUZO OMUDE)

Fundisisa lesi siqeshana senoveli bese uphendula imibuzo elandelayo.

Sekuphele imizuzu engamashumi amathathu ihambile iveni noGenyeza, yeza isinyonyoba kancane ngoManning Road ibhasana eyikhumbi emhlophe eyayinamakhethini. Yema maqondana nakwaDicey, wehla uChule waqonda ngqo endlini kaMirriam, wangqongqoza. Wazesula ngokushesha izinyembezi uMirriam, wayesethi akangene. Wangena nempela wahlala esitulweni, wambingelela ngokuthi, "Akusekho kubingelelana Nzima omuhle. Sesiyindlela."

Simphethe isibibithwane uMirriam wambuka ngayesebomvu eswakeme.

"Kwenzenjani manje Nzim'omuhle? Ngathi ngikuthokozele ngizokulanda ngakuthola uqhatha umunyu?" Wasukuma wahlala embhedeni eduze kwakhe, wakhipha iduku wamesula izinyembezi.

"Sekwenzenjani Themba lamathemba ami?"

"Hhi! Hhi! Hhi! Ziqathaka ethi uyazithiba. "Akukho lutho olunye Chule olonakele. Yiyo nje le ndaba yomfowethu esangiphethe kabi."

"Kufanele. Uma unesifiso sokumbona okokugcina umfowenu singahlela sesisekhaya ngikuphuthumise eMangwaneni. Sukuma-ke mntwana wasekhaya silayishe impahla angaze asiphazamise umfana kaNtshangase."

"NoNtshangase lowo akasekho," ephihlika futhi ekhala.

Wethuka uChule wathi, "Sekwenzenjani? Useshonile yini naye?"

"Uboshiwe Chule."

"Eboshelwani manje?"

"Usanda kuboshwa wumseshi othi wena nabanye nimmangalele."

"Hhawu!" ekhamisa. "Okunye-ke lokhu. Umuntu engammangalela kudala yilapho bembopha namhlanje?"

"Nami ngimangaliswa yikhona ukuqondana kokuboshwa kwakhe nosuku ozongilanda ngalo."

"Wo mntakaMazibuko, ngeke sazi ukuthi amathongo akwenu nawakwethu, noMdali bahlele su lini lokuba sithuthane ngokuthula nangoxolo futhi nawe uyazi ukuthi ayikho indoda engajabulela ukuthi ithi ilande umuntu imfice ekhalela isoka elidala. Nawe ngeke ukuthokozele neze ukuba uthi ufika laphaya kwami ungithole ngibambe isihlathi ngikhalela umkami osewashona."

"Cha Chule," ehefuzeliswa yisibibithwane. "Angikhaleli soka. Ngililela umfowethu."

"Siyezwelana kulokho Mwelase. Qoqa sihambe. Sizohlela sesisekhaya."

UMirriam sengathi wayesebethelwe kwaDicey. Wake wahlala wathula kungavumi nokuba asukume.

"Akusavumi yini ukuba uphume lapha ekhaya?" ebuza ejabhile.

"Hhayi, sengizosukuma. Uyazi nawe ukuthi akulula ukushiya indlu osuyihlale iminyaka ethi mayibe yishumi nesithupha."

"Okusho ukuthi kubuhlungu nokubushiya ubugqila uma ukhulele kubo?"

10.1 Ngubani lo Ntshangase okukhulunywa ngaye kulesi siqeshana? (1)

10.2 Nikeza amazwi anothando asetshenziswa uChule kulesi siqeshana. Nikeza abemabili. (2)

10.3 Ngabe isenzo sikaDaffo sokubopha uNtshangase simveza njengomlingiswa onjani? Sekela impendulo yakho. (3)

10.4 Wakusebenzisa kanjani ukukholwa uChule ukuthambisa inhliziyo kaMirriam? Sekela impendulo yakho. (2)

10.5 Chaza kafushane ngesiphetho sikaMahuzu, uMchitheni kanye noMsonteni abahlaseli bakaMirriam. (2)

10.6 Ngabe iqiniso noma umbono ukuthi abelungu bakaMirriam babenganawo umona? (2)

10.7 Yini eyayibangela uMirriam ukuthi kungabilula ukushiya kwaDicey ahambe noChule? Nikeza izizathu zibembili. (4)

10.8 Yikuphi okuthathu okwenziwa uGenyeza okukhombisa ukuthi wayenothando lweqiniso kuMirriam? (3)

10.9 Ngabe la mazwi "Okusho ukuthi kubuhlungu nokubushiya ubugqila uma ukhulele kubo?" uChule awasho kuMirriam amveza njengomuntu onjani? Sekela impendulo yakho: (3)

10.10 Chaza ukuthi uvuthondaba lutholakala kuphi kule ndaba. (3)
[25]

NOMA

UMBUZO 11: *KUNJALO-KE* – ME WANDA (UMBUZO OMUDE)

Humusha umyalezo wale noveli ethi *Kunjalo-ke*, ubhekise ezingxenyeni ezithile kule noveli. Impendulo yakho mayibe ubude obuphakathi kwamagama angama-340 – 390. **[25]**

NOMA

UMBUZO 12: *KUNJALO-KE* – ME WANDA (UMBUZO OMFUSHANE)

Fundisisa lesi siqeshana senoveli bese uphendula imibuzo elandelayo.

"Makhosikazi, kuthiwa ukuzala wukuzelula amathambo, kodwa mina angizalanga ngabola amathumbu. UDumazile ungidumazile umntanami! Njengoba nimbonga nje ubuya nesisu eMbumbulu!" Asho akhale uMaNdovela. Wabheka ngasendodakazini yakhe.

"Dumazile, usithathephi lesi sisu?" Esikhundleni sokuba aphendule unina uDumazile, wavele wabathela ngemvula yezinyembezi. Kwabe sekuzwakala enye inkosikazi ithi:

"Udinga ukushaywa phela lona. Uhluleka ukuphendula umbuzo olula kangaka, kodwa ebe ekwazi ukwenza into ejule kanjena. Ukweyisa phela lokhu. Ngeke thina sidlale lento. Mbambeni makhosikazi simtitinye!" UDumazile wezwa elokushaywa, wathula du, wasula nezinyembezi. Wathatha wathi:

"Nguthisha."

"Hawu, ihlazo elingaka! Bewumfunani kodwa uthisha mntanami?" Kumangale wonke umuntu endlini. Babuzana ukuthi luhlobo luni lukathisha lolo?

"Uyena lona owangi ..." Ahluleke ukuqedela inkulumo uDumazile ngenxa yokuxinwa wukukhala.

"Nguthisha ubani yena lowo?"

"Nguthisha uMoloi."

"Hawu, waze wangilaya uMoloyi! Ngizoba yini kuyihlo?" Athule uDumazile. Amakhosikazi amphenya isisu namabele. Kwezwakala enye ithi:

"Sesibomvu! Usengayishaya phansi noma nini! Hhawu, imikhuba yezingane!"

UMaNdovela wayibuka indodakazi yakhe seyisiqhunsulile isisu. Ngaleli langa uDumazile wayengasibophile isisu njengemihla, kodwa wayesidedelile nje. Yingakho-ke nje emihleni kungabanga lula kunina ukuba asheshe ambone ukuthi usezithwele. Futhi uMaNdovela wayengazitsheli nje ukuthi neyakhe ingane seyingaba sesimweni sokukhulelwa ngenxa yokuthemba.

12.1 Nikeza amagama amathathu ezingane zikaDumazile. (3)

12.2 Kungani kuyihlazo ukukhulelwa kukaDumazile ekhuleliswa uthisha uMoloi? (2)

12.3 Xoxa ngesingeniso sale noveli 'Kunjalo-ke' nomsebenzi womlandi lapho kudingeka khona. (5)

12.4 Chaza lesi simo sokukhuluma 'Usengayishaya phansi' ukuthi sihambelana kanjani nalesi siqeshana. (2)

12.5 Chaza ukuthi ukufika kukaMoloi esibhedlela lapho kusebenza khona uDumazile kwaba namphumela muni empilweni kaDumazile. (2)

12.6 Isenzo sikaDumazile sokukhulelwa samphatha kanjani uyise uKheswa? Sekela impendulo yakho. (2)

12.7 Izenzo zikaDumazile zakhombisa kanjani kuSithole ukuthi sekunomuntu athandana naye? Nikeza kube kuthathu. (3)

12.8 Ngabe iqiniso noma umbono ukuthi igciwane lengculazi liyathelelana? Sekela ngokwenzeka kule ndaba. (3)

12.9 Ngabe uyazwelana nonina kaDumazile uMaNdovela ngalesi simo azithola akusona ngokwalesi siqeshana? Sekela impendulo yakho. (3)

[25]

AMAMAKI ESIQEPHU B: 25

ISIQEPHU C: IMIDLALO

Phendula umbuzo **OWODWA** ngencwadi oyifundile.

UMBUZO 13: KUDELA OWAZIYO – BP MAPHUMULO (UMBUZO OMUDE)

Hlolisisa ubudlelwane phakathi kwezenzeko (izehlakalo) nendikimba kulo mdlalo othi *Kudela Owaziyo*. Impendulo yakho mayibe ubude obuphakathi kwamagama angama-340 – 390. **[25]**

NOMA

UMBUZO 14: *KUDELA OWAZIYO* – BP MAPHUMULO (UMBUZO OMFUSHANE)

Fundisisa lesi siqeshana somdlalo bese uphendula imibuzo elandelayo.

MDALULI:	*(ngezwi eliphuma ngomfutho nelethusayo)* Qhu! Zasha! Washa mqhuqhumbe nantu uqhomfane. Yaze yahlangana-ke idabuli namhlanje. Ehhe! Ayaphela amaphupho. Kade ngangivele nginesifiso sokuba sihlangane esikhaleni kwaNtombela, ngakho-ke zibambe ziqine ndodamphini. Yizinkani zababili-ke namhlanje. Ngithi usufike eMphelandaba.
CHIVENGA:	*(wethukile, useze waqethuka waphakamisa izandla samuntu ovikayo)* Yehheni weBantu! Nansi imihlola ingehlela bakithi. Ngavinjezelwa isiqhwaga ehlathini nje, ngabe ngisikweleta malini?
MDALULI:	*(ngezwi eliphakeme)* Sengiyabathe ngiyakuzama ngenkwayindane kanye nangedelamagugu angikutholi kwerekwere ndini kodwa-ke namhlanje, ngikutholile. Ngikutholile. Ngikuthole endaweni efanele nangesikhathi esifanele. Libuke uligcine-ke namhlanje. Uya kwaGoqanyawo.
CHIVENGA:	*(wexwayile, ngezwi elidabukisayo, usikhuluma ubukwerekwere isiZulu)* Ngoba sengenzeni? Ngoneni kuwe mnumzane wami?
MDALULI:	*(ngokufutheka, useze wamwebulela amehlo)* Kanti usabuza wena ekubeni vele nje unayo impendulo? Usuka lena kwelakini eMozambikhwi uzongephuca isinkwa sami kuleli, ucabanga ukuthi ngizoyishayela ihlombe-ke mina into efana naleyo?

14.1 Kubangelwa yini ukuthi uMdaluli akhulume ngentukuthelo kanjena kuChivenga? (2)

14.2 Yiziphi izinto ezazenziwa uChivenga ezadala ukuba abenogazi emphakathini waseMandeni? Nikeza kube kuthathu. (3)

14.3 Xoxa ngesingeniso salo mdlalo *Kudela Owaziyo*. (5)

14.4 Ucabanga ukuthi kufanele yini ukuthi umbhali ahlale esebenzisa la magama alandelayo 'usikhuluma ubukwerekwere isiZulu'? Sekela impendulo yakho. (2)

14.5 Izenzo zikaMbhebhezeli kulo mdlalo *Kudela Owaziyo* zimveza njengomlingiswa onjani? Sekela impendulo yakho. (3)

14.6 Kwabangelwa yini ukuthi uLondiwe abize amaphoyisa azobopha uyise? (2)

14.7 UChivenga ubuthole kanjani ubuzwe baseNingizimu Afrika? Sekela impendulo yakho. (3)

14.8 Hlaziya ukuthi isimo sokukhuluma 'ngizoyishayela ihlombe-ke' sihambelana kanjani nalesi siqeshana? (2)

14.9 Isenzo sikaMdaluli sokuhlukumeza umndeni wakhe siphikisana kanjani namalungelo esintu? Sekela impendulo yakho ubhekise kulo mdlalo. (3)
[25]

NOMA

UMBUZO 15: *AWUWELWA UMNGENI* – M GCUMISA (UMBUZO OMUDE)

Hlolisisa ubudlelwane phakathi kwezenzeko (izehlakalo) nendikimba kulo mdlalo othi *Awuwelwa Umngeni*. Impendulo yakho mayibe ubude obuphakathi kwamagama angama-340 – 390. [**25]**

NOMA

UMBUZO 16: *AWUWELWA UMNGENI* – M GCUMISA (UMBUZO OMFUSHANE)

Fundisisa lesi siqeshana somdlalo bese uphendula imibuzo elandelayo.

ZITHULELE:	UHulumeni ufuna incazelo yemingcele kuwena.
SALIMANI:	Uthi izwe ngelakhe nje kanti kwamingcele yalo akayazi?
ZITHULELE:	Uyayazi. Kodwa ufuna ukuzenelisa ukuthi wena ombhasobhele lona imingcele lena uyazi kahle.
SALIMANI:	Uma esekwazile lokho?
ZITHULELE:	UHulumeni akabuzwa kanjalo.
SALIMANI:	Uma-ke yena ekwazi ukubuza kanjalo kodwa-ke ebe engabuzwa kanjalo noSalimani akabuzwa kanjalo.
ZITHULELE:	(*ehwaqabala.*) UHulumeni uhlose ukucacisa kahle imingcele emidala nokuklama kahle emisha eyehlukanisa nezokwehlukanisa kahle kabusha amapulazi abelungu owakhelene nabo oMgqabula, oMvomvozi noMehlwemamba.
SALIMANI:	*(eswaca.)* Akukho mingcele ezohlelwa kabusha. OMgqabula noMvomvozi kanye noMehlwemamba umngcele wabo uyaziwa ukuthi uMngeni.

ZITHULELE:	(*ethi ukwehla*.) Kahle Salimani ukuthatha izinto ngokuhluthuka. Khumbula ukuthi nguHulumeni lona okhuluma naye. Uma ukhuluma nami ukhuluma noMbusi uqobo lwakhe. Umbusi-ke unguHulumeni. Ngakho-ke uma ukhuluma naye kumele ukhulume njalo ngenhlonipho. Kuhle ungazilibali ukuthi "ungumuntu". Njengoba ngikhuluma nawe nje ngimele uSomtsewu uqobo.
SALIMANI:	Umuntu ongahloniphi naye akahlonishwa. UHulumeni kaSomtsewu ufuna ukwenzani ngemingcele athi eyoMgqabula noMvomvozi, oMehlwemamba nami?
ZITHULELE:	UHulumeni ufuna ukuqondisa imingcele. Abelungu bayakhala ngodaba lwemingcele. Bakhala ngemihlambi yemfuyo yabantu bakho. Bathi iyabahlupha. Bathi incintela imfuyo yabo amanzi oMngeni. Bathi futhi imfuyo yabantu bakho ithelela imfuyo yabo ngezifo ezithathelwanayo. Bathi futhi izinkunzana zezinkomo zabantu bakho zikhwela imfuyo yabo engeyohlobo uma imihlambi lena ihlangana ezimfundeni zomfula. Bathi izimpuselana zezinkunzana lezi zizalisa izithole zabo uhlobo lwezinkomo olungasile.

16.1 Wayeyinkosi yakusiphi isizwe uSalimani? (1)

16.2 Kungani uZithulele azibize ngoMbusi uqobo lwakhe? (1)

16.3 Nikeza iqhaza elibanjwe yilaba balingiswa abalandelayo kulo mdlalo?

16.3.1 UNomehlo.
16.3.2 UMphiliphili.
16.3.3 UZithulele. (3)

16.4 Kungani uZithulele wayebizele inkosi uSalimani enkantolo yaseMshwathi? (2)

16.5 Chaza kafushane ngezikhalo zabelungu bamapulazi ngodaba lwemingcele. Nikeza kubekuthathu. (3)

16.6 Kubangelwa yini ukuthi uZithulele akhumbuze uSalimani ukuthi 'ungumuntu' kulesi siqeshana? (2)

16.7 Babeqondeni abelungu bamapulazi ngokuthi benze uMphiliphili impimpi yabo? (2)

16.8 Qhathanisa izenzo zikaSomtsewu kanye neJaji ngodaba lombango wemingcele. (4)

16.9 Kungani uNomehlo ephika icala lokuthi bahlasela abantu basemapulazini? (2)

16.10 Ngabe uyazwelana nenkosi uSalimani ngokwenzeka kulesi siqeshana? Sekela impendulo yakho. (3)

16.11 Ngabe umbono noma iqiniso ukuthi abelungu baqala bazenza abahluphekile ngaphambi kokuba bafune ukuqhwaga umhlaba kaSalimani? Sekela impendulo yakho ngokwenzeka kulo mdlalo. (2)

[25]

AMAMAKI ESIQEPHU C: 25
AMAMAKI ESEWONKE: 80